



KUTHOLAKALA UKUQONDA UMDLAVUZI

Isinye esigcina umchamo, kungenzeka sithelwe umdlavuzi, Uma amaseli donga sinye aqala ukukhula ngokungalawuleki. Njengoba amaningi amaseli omdlavuzi akheka, agcina esenza isimila futhi ngokuhamba kwesikhathi isaphalala kwamanye amalunga omzimba.

ESANDA KUTHOLAKALA?

Umangabe usanda kuthola ukuthi unomdlavuzi wesinye, awuwedwa, noma ungazizwa sengathi kunjalo njengamanje awuwedwa ithimba lezokwelapha lakho kungenzeka libe selikuchazelile uhlobo lwesifo sakho nanokuthi silashwa kanjani. Kodwa ungazizwa sengathi unemibuzo eminingi ukudlula izimpendulo ozitholiele.

UNGAQALA KUPHY?

KHETHA UDOKOTELE WAKHO

- Khuluma nodokotela wakho noma umtholampilo.
- Thola isifo sesinye ngokukhethekile,
- Khetha udokotela womchamo omethembayo, lo ozizwa ukhululekile Uma unaye lo ozokunika imininingwane egcwele mayelana nokuxilongwa kwakho kanye nokwelashwa okuhlukile.

UNGASABI UKUBUZA UDOKOTELE WAKHO IMIBUZO

Ukuhlangana nodokotela womchamo kungakwethusa, futhi kungakwenza ukhohlwe lokhu ofuna ukukubuzwa. Futhi kulula ukuthi ukhohlwe izimpendulo ozinikeziwe! yingakho sicabanga ukuthi:

- Bhala phansi imibuzo yakho ngaphambi kokuthi uyobona udokotela
- Noma okungcono Thatha ilunga lomndeni noma umngani ozokulalelisa abhale phansi akuzwile ukuze uzokwazi ukulalela kahle ungaphazamiseki kulokhu ofuna ukukuzwa.

IMIBUZO YOKUBUZA UDOKOTELE:

- Thola uhlobo lomdlavuzi noma isigaba.
- Buza ngezimpawu zakho nanokuthi iziphi ekumele utshale udokotela wakho ngazo.
- Buza ngamathiphu uzokwazi ukunakekela izimpawu zakho.
- Buza ngezindlela ezihlukile zokuthola imininingwane mayelana nesifo sakho kanye nokulaphwa kakho. Ngabe ukudinga ngolimi olwahlukile na? Ngabe ukudinga kubhalwe phansi na?
- Buza ngezinye izinxhaso ezikhona kuwe a kanye namalunga omndeni wakho owthandayo.
- Buza ngolwazi olukhona nokuhlolwa kwemitholampilo.
- Uma ungaziqondi izimpendulo noma ungatholi ulwazi olwanele qhubeka ubuze imibuzwa uze wazi.
- Kuyomele ubuye nemibuzo eminingi Uma usuyobona udokotela noma umvakashela.

UDINGA
UKWAZI
KABANZI
OKUNINGI?

@campaign4cancer  
SISHAYELE KULE NOMBOLO: 082 224 4224
THUMELA I IMEYILI: info@campaign4cancer.co.za



CAMPAIGNING
FOR CANCER